

Vuk'uzenzele

Niyethulelwu WuPhiko Lohlelo Lukahulumeni Lwezokuxhumana Nokudluliswa Kolwazi (i-GCIS)

English / isiZulu

Nhlolanja 2022 Ushicilelo 2

Ababhebhezeli benkohlakalo ye-COVID-19 babhekane nomthetho

Abantu kanye nezinckampani ebezinckampani enkohlakalweni ehambisana nokuthengwa kweempahla nezinsiza zeSifo segciwane le-Corona (i-COVID-19) kumele baphendule ngezenzo zabo.

Umbiko wokugcina woPhiko Olukhethekile Kwezokuphenywa Kwamacala (i-SIU) ophenyweni lwawo ngezinsolo ezhlobene nanoma ikuphi ukusetshe-nzisa budedengu kwezimali ze-COVID-19, kuzo zonke izinhlaka zikahulumeni nakumkhakha ozimele usanda kugunyazwangu Mongameli u-Cyril Ramaphosa ukuthi ukhishelwe umphakathi.

Umbiko uyisinyathelo esibaluleke kakhulu ekulweni nenkohlakalo nokuphatha budedengu kwimikhakha kahulumeni nozimele, ubeke

kanjalo uMongameli. NgoNtulikazingewezi-2020, uMongameli u-Ramaphosa wagunyaza uphenyo lwe-SIU.

Ngaleso sikhathi, waqinisekisa ukuthi uma i-SIU ithola ubufakazi bokuthi ubugebengu benzekile, izobophezeleka ukuthi idlulisele ubufakazi kuPhiko Lwezokushushisa Kuzwelonke (i-NPA).

i-SIU yaphinde yagunyazwa ukuvula kokuthethwa kwamacala ukuze kuzobuyiswa konke okulahlekele umbuso.

Okutholakale kumbiko i-SIU yaphenza izinkontileka eziyizi-5 467 ezazihloniyuliswe abahlizeki-nsiza abayizi-3 066, ezazilinani eliyizigidigidi eziyi-R14.3.

Uphenyo lwezinkontileka eziyizi-4 549 selupothuliwe, eziyizi-2 803 zazo zatholakala ukuthi azihanjiswanga

ngendlela. Lokhu kwenza ama-62% ophenyo oselupothuliwe.

"Lolu phenyo beluqondiswe ngqo kubantu nezikhungo ebezitshela ukuthi zingaxhaphaza umzuzu wobuthakathaka besizwe ukuzicebisa bona nalabo abahlangene nabo ukuxhaphaza izinsiza zomphakathi," kusho uMongameli.

Wengeze ngokuthi akwamukelekile ukuthi izi-nkontileka eziningi kangaka okufanele zisindise izimpilo futhi zivikele indlela yokuziphilisa yabantu zaphathwa ngendlela engeyiyi, ngokungalandeli umthetho noma ngokukhwabanisa.

"Lolu phenyo lubonisa ukuzimisela ukusiphula isihlava senkohlakalo kanye nokubhekana nababhebhezeli bayo," kusho uMongameli u-Ramaphosa.

Umbiko wokugcina ucacisa ngezindaba i-SIU ezidluli-

sele ku-NPA, iminyango nezinkampani kumkhakha kahulumeni namanye amaqembu.

I-NPA izophothula inqubo yokuthi izigilamkhuba zibhekane nomthetho kanye nokubhekana nobuntekenteke obutholwe uphenyo lwe-SIU, kuchaza uMongameli.

Iqhubeke ekhasini lesi-2



**Izimpawu
eziqaphelisa
ngobuqhwaga**

Ikhasi lesi-6



**Okumele
ukwazi
nge-PreP**

Ikhasi lesi-7



Ukuze ufunde iVuk'uzenzele thola i-GOVAPP ku:



Bheka u-SA Government ku-Google playstore noma ku-appstore

UNGASITHINTA LAPHA

Iwebhusayithi: www.gcis.gov.za I-imayili: vukuzenzele@gcis.gov.za
Ucingo: (+27) 12 473 0103

Tshedimosetso House:

1035 cnr Frances Baard and Festival streets, Hatfield, Pretoria, 00083

ELAMAHHALA ALITHENGISWA

Isuka ekhasini loku-1**Isinyathelo esithathiwe**

Selokhu kwaqala uphenyo, i-SIU, isebeenzisana namanye ama-ejensi, isiyenze le nqube-kela-phambili elandelayo:

- Amacala angama-45, enani elihlanganisiwe lezigidigidi ezi-R2.1, adluliselwe kwiNKantolo Ekhethekile Yamacala Enkohlalo, Ukukhwabanisa kanye Nokusetshenziswa kwemali ngokungekho emthethweni, futhi ithathele ababhebhezel balokho izinyathelo zomthetho;
- Amacala angama-224 adluliselwe ukuthi iziphathimandla zeminya ngo noma zezinkampani zikahulumeni zithathelwe izinyathelo zokuqondiswa izigwegwe;
- Amacala angama-386 adluliselwe kwi-NPA, futhi amathathu adluliselwe ukuthi uMongameli atha-

ukubuyisa izimali zikhulumeni ezebiwe kwenziwa inkohlakalo, ukukhwabanisa kanye nokusetshenziswa kwemali ngokungekho emthethweni, futhi ithathele ababhebhezel balokho izinyathelo zomthetho;

the isinyathelo ngawo; • Amacala angama-330 adluliselwe ukuthi kuthathwe izinyathelo zomthetho, okubandakanya ukuvinjelwa ukusebenza (ungabe usakwazi ukwenza umsebenzi nohulumeni).

Ngokombiko, isamba sezigid ezingama-R551.5 (inani lemali kanye nempahla) kumele sibuyiswe, kanti izigidi ezingama-R34.2 sezibuyisiwe kuze kube manje.

Uphenyo luvimbe ukulahlekela izigidi ezingama-R114.2, futhi lwasbekela eceleni izinkontileka ezingama-964, zenani elingaphezu kwezigidi

R170.4.

I-SIU ilindele ukuthi la macala aphothulwe phakathi kukaNdasa noMbaswezi-2022, ngaphambi kokuhanjiswa kombiko owengeziwe kuMongameli ekupheleni kukaNhlangulana.

Umbiko awufaki phakathi imininingwane yophenyo olusaqhube kaIwezinsolo ezitholwe i-SIU emva komnqamulajuqu owawubekwelwe umbiko wokugcina.

Lokhu kubandakanya uphenyo Iwabahlinzeki-nisiza abangama-476, abeyaniswa nezinkontileka ezingama-964, zenani elingaphezu kwezigidi

ezingama-R961.6.

Imiphumela yalolu phenyo, ihhovisi lika Mongameli lithe, izofakwa kumbiko wangoNhlangulana.

UMongameli wethulele isigqoko i-SIU ngomsebenzi ewenze ezinyangeni eziyi-18 ezedlule, kanye nezingede nabanye ofakazi abalethe imininingwane kubaphenyi. 

Umpakathi unga-siza ekulweni nokuqeda inkohlakalo ezikhungweni zikahulumeni ngokubika izenzo zenkohlakalo kwinombolo ye-SIU yezimo eziphuthumayo ku: **080 003 7774.**

I-CACH ixhumanisa abafundi namathuba okufunda

Silusapho Nyanda

Intsha engakazitholi izikhala zokufunda ezikhungweni zemfundo ephakeme ingaxhumana noHlelo Lwesizinda Sokuhlungwa Kwezicelo zokufunda (i-CACH) ukuze ithole usizo.

I-CACH iyinsiza yezbuchwepeshe kahulumeni ephethwe nguMnyango Wezemfund Ephakeme kanye Nokuqequesha (i-DHET). Lolu hlelo lusiza labo bafundi abafuna intuba yokuthola izikhala zokungena enyuvesi, emakolishi Ezemfund Ephakeme kanye Nokuqequesha Kwezobuchwepeshe Bemisebenzi Yezandla (ama-TVET) kanye namathuba okuthuthukisa kwamakhono.

"Izinsiza ze-CACH bezilokhu zivuliwe kusuka mhla zingama-24 kuMasingana 2022, futhi zizovalwa mhla zingama-31 kuNdasa ukuze

zisize labo bafundi abafuna ukungena ezikhungweni zemfundo ephakeme kodwa babhekene nezinkinga zokuthola izikhala zokufunda," kusho uNgqongqoshe Wezemfund Ephakeme kanye Nokuqequesha u-Dkt Blade Nzimande.

I-CACH ingabasiza nalabo bafundi abafake izicelo zokufunda enyuvesi noma ekolishi kusenesikhathi ngonyaka wezi-2021 kodwa abangazange basithole isikhala sokufunda kuhlelo lokufunda abefisa ukulufundela.

I-DHET ichaze yathi lokhu kujwayele ukwenzeka lapho umfaki-zicelo engahlangabeanzi nezidingo ezidingekayo noma isikhungo sesifinyelele kumkhawulo waso wenani labafundi esingababhalisa kulolo hlelo lokufunda.

I-CACH ingaphinde futhi isize nalabo abafake izicelo esikhungweni semfund Ephakeme base bemukelwa, kodwa manje sebefuna ukushintsha umkhakha

wokufunda ababewukhetile.

I-CACH izodluliselabafundi ezinhlelwani zokuthuthukisa kwemisebenzi futhi uma kwenzenka, inikezele ngethuba lokuthi bazanyelwe izikhala ezisatholakala emanyuvesi kanye nasemakolishi ama-TVET noma amathuba okufundela umsebenzi Kwezemfund Nokuqequesha Ngokwemikhakha (i-SETA), ngaphandle kokuthi baziyele bona kunoma yisiphi isikhungo.

Wonke amanyuvesi kahulumeni, amakolishi angama-TVET kanye nama-SETA angafinyelela kusizindalwazi se-CACH ukuze abheke abafundi ngabanye abafaneleke yizikhala ezisatholakala ngokuhambisana nalokho okudingekayo kulowo mkhakha wokufunda.

"Izikhungo zikhetha abafundi kwisizindalwazi se-CACH bese zixhumana ngqo nalabo ezibakhethile,"

kusho okhulumela i-DHET u-Ishmael Mnisi.

Abafaki-zicelo ababhalisa ku-CACH kumele bathumele imininingwane yabo, okubandakanya uhlobo Iwezifundo abafisa ukuzifundela. Abafaki-zicelo banethuba lokuthi bazi-kethela bona ngokwabu ukuthi bayasamukela noma bayasichitha isikhala sokufunda abasihlinzekwe yi-CACH.

Izikhungo zemfundo ephakeme zizokwazi kuphela ukuthola ulwazi lwabafaki-zicelo kuhlelo Iwe-CACH, uma abafaki-zicelo sebebhalisile futhi bafaka imiphumela yabo yeBanga le-12.

UMnisi uthii i-CACH iphind

isize labo abazoba abafundi abasadidekile ngokukhetha umkhakha wokufunda ngokubathumela Kwi nsiza ye-DHET Ethuthukisa Amakhono i-Khetha Career Development Service. 

Bhalisela i-CACH nge-WhatsApp Chat-bot (078 776 8660), ngokucofoza inombolo ye-USSD ethi *134*225# noma ngokungena ngezobuchwepeshe be-inthanethi ku-cach.ac.za. Ngolwazi oluthe xaxa nge-CACH, vakashela kwikhasi le-Facebook ku-CACH_SA.

Writers

More Matshediso
Silusapho Nyanda

Senior Designers

Tendai Gonese | Benny Kubjana

Production Assistance

Jauhara Khan | Sebastian Palmer

Language Practitioners

Nomgcibelo Motha | Boitumelo Phalatse
Thandolunye Magudulela | Sizwe Ziqubu

Vuk'uzenzele
is published by Government Communications (GCIS)

All rights reserved. Reproduction of the newspaper in whole or in part without written permission is strictly prohibited.

Printed by: RISING SUN PRINTERS

Distributed by: ON THE DOT



government
communications

Department:
Government Communication and Information System
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Tel: 012 473 0353

Email: vukuzenzele@gcis.gov.za

Address: Private Bag X745, Pretoria, 0001

Acting Head of
Editorial and Production
Tyrone Seale | tyrone@gcis.gov.za

Acting Editor-in-Chief
Zanele Mgadi | zanelemgadi@gcis.gov.za

Managing Editor
Irene Naidoo | irene@gcis.gov.za

Writers

More Matshediso
Silusapho Nyanda

Senior Designers

Tendai Gonese | Benny Kubjana

Production Assistance

Jauhara Khan | Sebastian Palmer



Imithetho emisha iqinisa ukulwisana ne-GBV



Masekupheleni konyaka owe-dlule, ngathola incwadi eyayibhalwe yiyeqebana lezakhamu-zizazikhathazekile zinxusa uhulumeni ukuthi avikele abesifazane kanye nezingane zakule-li lizwe kudlame.

Baphawula ngokwenyuka kokudlwengulwa kanye namacala ezocansi, babbala ngokuthi abesifazane basaqhubeka nokuhlalela ovalweni; futhi sebelahla ithemba kumthetho.

Ngathinteka kakhulu futhi ngaphinde ngathintwa wukulandisa kwabongokwesaba abanakho abesifazane bezwe lakithi ababhekana nakho imihla namalanga.

Ukubhekana nokuhlupheka abesifazane kanye nezingane ababhekene nakho siphase imithetho eklanyelwe ukubavikela. Kodwa naphezu kwezijeziso zokususa ababhebhezel i balezi zenzo ezimbi emphakathini, abesifazane kanye nezingane bayaqhubeka nokuhlushwa futhi bayabulawa.

Ngisanda kusayina ukuphasisa iziqephu ezintathu zomthetho ukugcina izithembiso zethu zokuqinisa uhlalo lwezobulungiswa kwezobugebengu, ukuthuthukisa ukuziphendulela kuhulumeni futhi nokweskwa kwabasindile ukuthi kube kummongo wayo yonke imizamo yethu.

UMthetho Ochitshiyelwe omusha woBugebengu (Amacala Ezocansi kanye Namacala Ahlobene nawo) uyakwenqabel ukuxhashazwa ngokocansi futhi nokuhehagenhoso yocansi abantu abaphila nokuhbazeka ngokwengqondo, futhi uhlizeka ngokuthi

kwesibili ngokuvumela izinkantolo ukuthi ziqoke abalamuli abazoba khona lapho ingane encane, umuntu ophila nokukhubazeka noma umuntu osekhulile ephoswa imibuzzo ekuqu-Iweni kwecala.

Uphinde uvumele ukusetshenziswa okwengeziwe kobufakazi kusetshenziswa ubuchwepheshe bokuhuluma ngevidiyo. Lokhu kusiza ukuvikela ufakazi ekulimaleni, kunqanda ukubambezeleka okungenasidindo futhi konga izindleko zokuqulwa kwecala.

Umhetho omusha nawo uqinisa kakhulu uhlelo lwethu lokukhululwa ngebheyili.

Umshushisi ongaphikisani nebheyili emacaleni aqo-kiwe kumele izizathu zakhe ezihambisana nalokho zibhalwe phansi.

Inkantolo kumele izicabange noma yiziphi izinsongo zodlame ezingaba khona ezenziwa ummangali kanye nombono wommangali ngokuphepha kwakhe. Ngaphandle uma inkantolo yenelisekile ukuthi kunezimo ezingavamile ezinikeza imvume yokuhululwa ngebheyili, ibheyili kumele inqatshwe.

UMthetho Ochitshiyelwe omusha Wobugebengu

(Amacala Ezocansi kanye Namacala Ahlobene nawo) uyakwenqabel ukuxhashazwa ngokocansi futhi nokuhehagenhoso yocansi abantu abaphila nokuhbazeka ngokwengqondo, futhi uhlizeka ngokuthi

amacala ocansi abhekiswe kubantu abaphila nokukhubazeka ngokwengqondo kumele aqoshwe kuRejista Kazwelonek Yabahlukumezi Bocansi (i-NRSO).

Siziphendulile izikhalo zokuthi siqinise ukulawulwa kwe-NRSO.

Labo abake balahlwa ngamacala ocansi ezinganeni noma kubantu abakhuba-zeke ngokwengqondo, abake bagwetshwa ngaphambilini mayelana nalokhu, futhi abagwetshwe izikhathi ezingaphezu kwezinyanga eziyi-18 bangakwazi kuphela ukufaka isicelo sokuthi amagama abo akhishwe kurejista ngemuva kweminyaka engama-20.

Lo Mthetho uphinde ulawule umsebenzi wokubika kwabantu abaziyo ukuthi amacala ocansi enziwe kubantu ababuthakathaka.

UMthetho omusha Ochitshiyelwe Wodlame Lwasekhaya ubhekelela ezinye zezinselele ebudlelwaneni basekhaya obunodlame.

Siqinise inqubo yokuthola imiyalelo yokuvikela, futhi sandisa izimo okungafakelwa kuzo isicelo.

Silukhulumile udaba lokuhlukunyezwka kwabesifazane kanye nezingane naphezu kokuba, besafake isicelo somyalelo wokuvikela.

Uma inkantolo ikholelwa ukuthi ummangali usengozini engenzeka noma inini ingakhipha incwadi yokuvikela ngokushesha ngaphandle kokuthi inikeze ummangalelwia isaziso ngokuhishwa komyalelo.

Okubalulekile, uma inkantolo idedela umuntu obekwe icala lodlame lwa-sekhaya ngebheyili ongenayo incwadi yokuvikelwa anike-zwe yona, inkantolo kumele ikhiphe eyodwa ngemuva kokwenza uphenyo.

Lapho inkantolo ikhipha incwadi yokuvikelwa kumele ngaso leso sikhathi igunyaze ukukhishwa kwe-nkwadi egunyaza ukubosha, elengisiwe, okumele inikwe uMbutho Wamaphoyisa aseNingizimu Afrika (i-SAPS).

Uma ilungu le-SAPS lisola ukuthi ummangali usengozini ngenxa yokwephula umyalelo, kumele libophe ummangalelwia ngokuphazima kweso.

Umhetho manje usuvikela ngokusobala abantu abadala kuzo zonke izinhlobo zodlame lwasekhaya, futhi uvumela abamangali ukuthi bafake izicelo zoku-vikelwa ngobuchwepheshe be-inthanethi, ubongele isikhathi kanye nezindleko zokuhamba.

Ukuvikela abamangali ekuhlukunyezwka okuhubekayo, inkantolo ingakhipha Isaziso Sokuqapha Uku-phewha i-Safety Monitoring Notice esizodinga ukuthi ilungu le-SAPS lithintane nommangali ngaphandle kolwazi lomnukubezi.

Izisulu ezisinde ku-GBV zijwayele ukukhala ngo-kuphathwa kabi noma ukushaywa indiva kwezinkinga zabo lapho befaka izikhalazo eziteshini zamaphoyisa. Amalungu e-SAPS ehluleka ukuthobelai zibopho

zawo ngaphansi komthetho omusha ayobekwa icala lokungaziphathi kahle.

Bonke abantu abadala abanolwazi noma abasola ukuthi kuhkona udlame lwasekhaya olwenziwa enganeni, umuntu okhubazeke ngokwengqondo noma umuntu osemdalabanesibopho sokubika

izenzo ezifana nalezo kusonhlalakahle noma emaphoyiseni. Ukwehluleka ukwenza lokho kuyicala elibomvu.

Lokhu kubeka emthethweni umgommo wokuthi udlame olubhekiswe kwabesifazane kanye nezingane kuwumsebenzi wawo wonke umuntu.

Ukuphasiswa kwale mithetho emisha kuyisinyathelo esiya phambili kule ndlela. Kodwa akusisona isixazululo. Kumele silunqande udlame kanye nokuhlukumeza kungenzeki kwasekuqaleni.

Ngokusebenza ngokubambisana njengomphakathi, kumele sisebenzise izwi lethu, ama-ejensi ethu ezmthetho kanye nesibindi sethu esisele naso ukuqedu unomphela udlame olwenziwa amadoda kwabesifazane kanye nezingane.❶